



REMARKS AND INTRODUCTORY ADDRESS BY THE HON. THEMBENI KAMADLOPHA-MTHETHWA, MEC FOR AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT IN KWAZULU-NATAL ON THE OCCASION OF THE PROVINCIAL MULTI-PLANTING SEASON LAUNCH

DATE: 03 OCTOBER 2026

VENUE: ELLIS PARK SPORTSGROUND, DLEBE, ULUNDI

Mphathi wohlelo

Mhlonishwa uNdunankulu wesifundazwe iKwaZulu Natal Thamsanqa Ntuli

Ozakwethu kusigungu esiphezulu sesifundazwe

Mhlonishwa usodolobha womkhandlu dolobha iZululand, ukhansela uKhumalo

Mhlonishwa usodolobha waso Lundi, ukhansela uNtshangase

Nabo bonke osodolobha namakhansela emikhandlu

Amakhosi, Inkosi uButhelezi KwaPhindangene Kanye nomkhandlu wenkosi wakwa Ndebele

Siyabongwa ukusemukela kulomhlaba onothile

Ubuholi bendlu yamakhosi omdabu

Abalimi baseDlebe, kwa Guqu nase Mkhiweni

Nabo bonke abantu base Zululand

Sanibonani

Lomhlaba esikuwona uxoxa indaba, lena yi BRG VB11, Dry Lowveld Tall Grass. Lona umhlabathi owaziwa nge Hutton soils, unothile futhi uqinile ungakwazi ukondla imindeni uma siwuphatha ngendlela efanele. Uma imvula ibe kahle yaba ngama milimeter angu789 kuya 805, kube nomsokama ongamaphesenti angamashumi ayisikhombisa, lendawo ingakwazi ukusinika amathani angu 4.7

ombila nge hectare emhlabeni owomile. Lokhu sakunikwa ngu Nkulunkulu, okwethu ukuthi siwusebenzise ngendlela efanele.

Yingakho ngifuna ukuqala ngalokhu abaningi benu abacabanga ukuhti yinto encane, ukuhlolwa komhlabathi.



Ngaphambi kokutshala, kumele siyilalele inhlabathi, ngaphambi kokufaka imvundiso noma umanyolo, kumele sazi ukuthi yini edingwa umhlabathi. Ithimba lethu elivela e Cedara selivele liwathathile amasampula omhlabathi kuma hectare angamashumi amahlanu esizowatshala labo abahlomulile kulendawo. Kuzoba ngama hectare angu 30 kwabangu 34 abahlomulile kwa Guqu, kube ngama hectare angu 20 abahlomulile abangu 32 eMkhiweni.

Ogandaganda abangu 7 sebevele bawulungisile umhlabathi ongama hectare angu 35.

Ngifuna ukuzibophezela namuhla, ekutheni angeke nje sifake umanyolo ngokunganaki. Sizokhipha umanyolo emva kokuthi sesithole imiphumela yokuhlolwa kwenhlabathi ukuze lonke isaka likamanyolo esilikhiphayo kube elilungele inhlabathi yenu.

Ngaleyo ndlela sizoyeka ukumosha imali, siqale sibone izithelo. Ukuba umlimi akukhona nje ukuqagela kodwa ukusebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje ukuze umhlabathi usetshenziswe ngendlela.

Balimi, senza lomsebenzi ngesikhathi esinzima. Ososayensi bethu kanye nezangoma zezulu iSouth African Weather Service bayasexwayisa ngokuthi kuza u El Niño onamandla anzima kakhulu kulesikhathi sasehlobo sonyaka u 2026/27. Kusho ukuthi ke lokho kimi nawe, izoba ncane imvula kuneyejwayelekile, bese kushisa kakhulu kunalokho esikwejwayele.

Uma singenzi lutho sizoshayeka kakhulu. Umbila, ubhontshisi ne soybeans kuzoba nesivuno esincane. Utshani angeke bukhule kahle, zizoba ncane izinkomo emadlelweni, izinga lokugcwalwa kwamadamu lizoba phansi, ukudla

kwemfuyo kuzomba eqolo futhi sizobona imililo yequbula emadlelweni izoba mningi, kuzokwanda nezifo zezilwane. Abasengcupheni kakhulu ngabalimi bethu abasakhula abasizwa kakhulu imvula eMajuba, ise Zululand, uMkhanyakude, uThukela, uMzinyathi, uMgungundlovu nezingxenye ezithize zesifunda i-Harry Gwala. Nathi ke labo lapha eZululand.

Kodwa asizile lapha ukuzonifaka amanzi emadolweni, esikuzele ukunilungiselela lesikhathi esizayo sika El Niño.

Siwumnyango wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, sethula amasu okubhekana no El Nino.

Zonke izifunda zinelazo iqhingasu, okwethu ukubheka indlela enisthala ngayo futhi sizonixhumanisa nabosizo uma kunezinhlekelele uma kwenzeka sifikelwa isikhathi esinzima.

Esikucela kini kulula: lalelani izinkomba zesimo sezulu, tshalani kuphela uma imvula ine kahle bese nibika uma kukhona ukulahleka kwembewu noma ukufa kwemfuyo ngaphansi kohlelo lomphakathi lokubika izinto ezifana nalezo iPublic Reporting ku App yomnyango wethu wezolimo eku website yethu.



Inhloso yokwenza konke lokhu ukuthi siqinisekise ukuthi ukungenelela kwethu kunciphisa umthelela ozoledwa yi El Nino.

- Abalimi nemiphakathi kumele balungiselelwe kangcono ukuze kuzoncishiswa ubungozi futhi umnyango uzokhipha kusenesikhathi izexwayiso ngesimo sezulu siphinde sibe nemikhankaso yokuqwashisa nge El Nino, siphinde sibe nemihlangano yezingxoxo eyaziwa nge Climate Smart Agriculture Dialogues kuzifunda kusukela ngo October 2026 kuya ku February 2027.
- Abalimi bazophinde belekelelwe ngezithombo ezikwazi ukumelana nesomiso. Futhi bazokwelulekwa ngolwazi lokutshala ngezigaba ezithize ezingeni lamapulazi.
- Sizophinde sibeke phambili futhi sihliziseke ngezindlela zokonga amanzi ezifana nokumba amadamu nokuwahlanza, ukumba ama boreholes nokukhongozelwa kwamanzi emvula, bese siqeqesha abalimi ngokulinywa, ukugcina izitshalo nokukwazi ukulawula ukusha komlilo.
- Zonke lezinhlelo zokungenela kwethu zizokwesekwa izinhlelo zamaqhingaswe ezifunda, ukuqhubeka nokuhlola kohlelo lokutshala, isimo sezithombo nokunixhumanisa nohlelo lokulekela.

Ngenxa yokuthi iKwaZulu Natal inesibalo esiphezulu samakhaya angenakho ukudla okwanele, ucwaningo lwenhlangano eyenza ucwaningo iHuman Sciences Research Council mayelana nokudla lwango 2023 lwaveza ukuthi iZululand, uMzinyathi, Harry Gwala Kanye noMkhanyakude izifunda ezihlasele kakhulu ububha.

Impendulo yethu namuhla yilo lohlelo lokulima, iMulti-Planting Season Programme okuhloswe ngalo ukudedela umhlaba ongasetshenziswa ngokwanele, ukukhuphula izinga lokukhiqiza ukudla, ukunciphisa ububha, ukufaka abalimi abasakhula ebhizinisi lokukhiqizela inzuzo nokuqinisekisa ukuthi abesifazane, intsha nabantu abanokukhubazeka babamba iqhaza futhi bayangena kwezolimo.

Ukuze uhlelo lwethu lusebenza, sizokwenza ngokungamandla ethu ngohlelo lukazibambe. Kuzoqashwe abashayeli bogandaganda abangu 57, okwamanje kusaqeqesha abashayeli bogandaganda abasha abangu 25, abangu 32 sebeqeqeshiwe ukusebenza ngogandaganda, ezokuphepha nokubagcina besesimeni esihle. Namuhla nibona ogandaganda abangu 8 kanye nabashayeli bohlelo uzibambe abangu 8 abakhona.

Njengoba sitshala uhlamvu lokuqala lwembewu yethu oluzoba ukudla kwesifundazwe iKwaZulu-Natal, ngifuna ukusho lokhu kubalimi abalalele:

Ungayekeleli umhlaba wakho ukuba ungabinalutho. Woza emnyangweni wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya sizokuhlalela wona, sizokulimela futhi sizokunika imbewu efanele nomanyolo ofanele, sizolima nawe, sizoyikhathula nawe lendima.

I El Nino izofika kodwa angeke isifice sihleli dekle phansi noma silele, kepha asizilungiselele kusenesikhathi.

Ngiyathokoza.